**HILLCREST HIGH SCHOOL**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IBANGA LESISHUMI NANYE (GRADE 11)**

**UKUHLOLWA KUKANOVEMBA 2020**

**ISIKHATHI: 2 amahora** **IMIKLOMELO: 70**

**OKUHLE KODWA !!!!!!**

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ekuleli khasi ngaphambi kokuphendula imibuzo.
2. Leli phepha lineziqephu EZIMBILI

   ISIQEPHU A: Inoveli (35)

   ISIQEPHU B: Umdlalo (35)
3. Phendula LONKE iphepha.

   ISIQEPHU A: INOVELI

   Amanyal' Enyoka – Mandla Ndlovu

   ISIQEPHU B: UMDLALO

   Kusa Kusa – S.P. Nhleko

4. Bhala izinombolo njengoba zibhaliwe ephepheni le mibuzo.
5. Landela imiyalelo esekuqaleni KWESIQEPHU NGASINYE.
6. QALA ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA
7. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo

   OKUQUKETHWE:

   Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula ngaphandle kokufunda yonke imibuzo.

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: INOVELI<br>Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu. | | |
| IZINOMBOLO ZEMIBUZO | AMAMAKI | IKHASI |
| *1. Amanyal' Enyoka* | 35 | 3-5 |
| | | |
| ISIQEPHU B: UMDLALO<br>Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu. | | |
| *2. Kusa Kusa* | 35 | 8-10 |
| | | |

**ISIQEPHU A: INOVELI**

**UMBUZO 1:Amanyal' Enyoka – Mandla Ndlovu**

**Funda IZIQESHANA EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.**

**ISIQESHANA A**

| |
|---|
| " Sindi awunginike amathawula." Wabheka phezulu okomuntu okhumbula okuthile. "nomuthi wokuxubha."<br>Wazoloza elokhu etete izandla zakhe isandla sikaSayitsheni silokhu simthinte ehlombe.<br>"Yeyi wena anti!" uKaputeni ehlohloloza uPat ngomunwe esiphongweni.<br>"Umthetho wakho uyadelela hhi?<br>Awuboni ukuthi uboshiwe manje? Awazi ukuthi yonke into oyifunayo kumele uyicele la kuthina?" uKaputeni embuka ngezinsungulo zamehlo.<br>"Ngiyaxolisa bengingazi. Yobe Kaputeni," eshweleza kunyakaza nezandla kubonaka nje ukuthi ukube aziboshiwe kungabe uziphakamisile.<br>"Uma uqhuba kanje uzobangela ukuthi nebheyili ngingakunikezi. Angifuni ukudelelwa mina ngoba nami angideleli muntu," wadla imihlathi uKaputeni.<br>Kwathula endlini okusengathi yisenkantolo kulindwe ijaji ligwebe isigilamkhuba.<br>USindi wabheka uPat owamncisha amehlo. Waphinda wabheka amaphoyisa wawathola emjamele ngqo emehlweni, wakhophoza.<br>"Ngingazithatha izinto azicelile?" uSindi ebhekise kuKaputeni. "Zithathe ngokushesha. Asinaso isikhathi sokusinisa amahleza,"uKaputeni ejejemuza uSindi.<br>Akapholisanga maseko uSindi, wasithela ngekhona esephikelele egunjini lokulala. |

1.1 Bakuliphi ilokishi laba abakhuluma kuesi siqephu? (1)

1.2 Ubani isibongo sikaKaputeni okhuluma kulesi siqephu? (1)

1.3 Yiliphi icala aboshelwe lona uPat? (2)

1.4 Bhala igama eliphelele likaPat? (1)

1.5 Khetha impendulo efanele. Hlobo luni lwesifengqo esitholakala kulo musho olandelayo.

Umthetho wakho uyadelela hhi?

A ihaba

B. Izifaniso

C Umbuzombumbulu

D Isenzamuntu (2)

1.6 Tomula umusho esiqeshini ofakazela ukuthi lawa maphoyisa angamaphoyisa mbumbulu. Bese usekela impendulo yakho. (2)

1.7 Yiziphi izinto EZIMBILI ezenziwa yilezi zithandani ezathunaza umshado wabo ngalolo suku?

1.8 Wagcina eboshwe kusiphi isitokisi uPat? (2)

1.9 Lukuphi uvuthondaba lwalenoveli? Sekela impendulo yakho. (3)

**1.10** Sizathu sini esenza ukuba uPat angafuni ukumkhokhela uThiza imali yakhe njengokwesivumelwano? (2)

**1.11** Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| **IKHOLOMU A** | **IKHOLUMU B** |
|---|---|
| 1.11.1 UZinhle<br>1.11.2 UThabo<br>1.11.3 uBelinda<br>1.11.4 uNjilo | A. Umngani kaLindo.<br>B. Iphoyisa elabopha uPat.<br>C. Intombi kaThiza<br>D. Intokazi yaseGugulethu eKapa |

**(4X1) (4)**

**KANYE**

**ISIQESHANA B**

| |
|---|
| "Ngaphambi kokuthi uluvale ucingo nakhu okumele ukwazi: ngiyaphuma lapha ejele ngesonto elizayo. Wonke lo mbhedo wakho uyongitshela sesibonana ubuso nobuso. Uyezwa Phathekile?"<br>Wenza okwakusanda kwenziwa ngumkakhe uPat wanxapha kakhulu wabe eseluvala ucingo.<br>"Uyedelela lo muntu wakho, uluhlaza cwe," kungenela uSindi.<br>"Ngicela ungambizi ngomuntu wami. Mina umuntu enginaye uyedwa vo," esholo phansi uPat ezama ukubamba intukuthelo.<br>"Mina ngisho phela into ayisho kimina ngelinye ilanga. Wangitshela emehlweni ukuthi wena uyisithandwa sakhe ," esho eneka izandla uSindi.<br>"Uyagula lo muntu Sindi. Ngiyabona ukuthi ukuhlala kwakhe ejele sekumenze waphanjanelwa yingqondo. Ngakho ngicela singaxatshaniswa nguyena njengoba kwake kwenzeka," ezicelela uPat ngephimbo elinesizotha.<br>Wavele wazithulela nje uSindi waqhubeka nokudla kwakhe.<br>"Okunye-ke sthandwa sami sizoba nesivakashi kusasa."<br>"Isivakashi?" ebuzisisa uSindi.<br>"Yebo isivakashi *my love.* Kusasa kuzofika uLindokuhle, umfana wami lona esake sathi ukukhuluma ngaye ezinsukwini ezidlule. Ucelile impela ukuthi ufisa ukuba nathi," esho ngephimbo eligcwele ukuzotha.<br>"Hhayi ngiyezwa." Yena esho ngeliphansi elinokumangala.<br>Waqhubeka-ke uPat ebuza ukuthi kungabe kumele bamutshele yini uLindo ukuthi bangabashadikazi. Uthe nje engakaligwinyi uPat wabe esengenelela uSindi ngolaka wathi:<br>"Uma ungamtsheli uzothi mina ngiyini nawe?" |

1.12 Ubani igama nesibongo salo othi uyaphuma ejele? (2)

1.13 Chaza uhlobo lodweshu olutholakala esiqeshini esingenhla bese usekela impendulo yakho. (2)

1.14 Bahlobene kanjani laba abakhuluma ocingweni? (2)

1.15 Sivela kuyiphi inyuvesi lesi sivakashi ekuthiwa siyeza kusasa? (1)

1.16 Kwaba namthelela muni emshadweni kaPat noSindi ukufika kuka Lindokuhle. Chaza ngephuzu ELILODWA. (2)

1.17 Bhala isibonelo soheho umbhali asisebenzise kulesi siqeshana. (2)

1.18 ULindokuhle kufanele ambize ngobani uSindi? Sekela impendulo yakho. (2)

1.19 Hlaziya isiphetho sale ndaba. (2)

ISAMBA SESIQEPHU A:35

ISIQEPHU B: IDRAMA

UMBUZO 2 KUSA KUSA S.P. NHLEKO

2.1 Funda lesi siqephu bese uphendula imibuzo elandelayo NGEMISHO EPHELELE.

**ISIQESHANA C**

(UVusi ubonana noSfiso noSiphamandla izinsizwa ayefesa nazo edolobheni.)

**Vusi**: (Ekhombisa ukujabula.) Ayisazani bafowethu. Lokhu yagcinana egalaji.

**Sifiso**: Kunjalo mfowethu kade yagcinana.

**Vusi**: Injani kodwa impilo?

**Siphamandla**: Hhayi, sisancenga thina singezwa kuwena.

**Vusi**: Ziyabheda madoda izinto ngakimi.

**Siphamandla**: (Ebeka phansi izimpahla aziphethe.) Yini sekwenzenjani nsizwa?

**Vusi**: Seyize yangala phela le ntokazi ebengihlekisana nayo.

**Siphamandla**: (Ngokudangala) Hawu! Kwaze kwabuhlungu-ke mfo lokhu ositshela kona.

**Sifiso**: Ikwalele ukuthi awukawutholi umsebenzi?

**Vusi**: Yiso kanye isizathu leso.

**Sifiso**: Iyabheda. Engathi ngingake ngiyibone. Ngingayitshela iswele umgodi wokucasha.

**Vusi**: Nami angisazi ukuthi kumele ngenzenjani.

**Siphamandla**: Hhayi, bekezela ndoda sekuzolunga. Mhlawumbe yiyo ebikuvala nje ungawutholi umsebenzi, kwazi bani?

**Sifiso**: Ngempela, akukho okwedlula ukubekezela.

**Vusi**: Iphi le enye insizwa enaqashwa nayo?

**Siphamandla**: O! Usho uSenzo? Lowo wadlala ngomsebenzi esewutholile

**Vusi**: Wenzani?

**Sifiso**: Waganga khona lapha emsebenzini.

2.1.1 Bakuphi laba abakhuluma kulesi siqephu? (1)

2.1.2 Ubani igama lentombi eyale uVusi? (1)

2.1.3 Yisiphi isizathu esadala ukuthi uVusi aliwe? (1)

2.1.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo. Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile emshweni ongezansi sichaza uku:

Lowo **wadlala ngomsebenzi** esewutholile.

A. Wayedlala emsebenzini

B. Ukungawuhloniphi umsebenzi.

C. Wadla emsebenzini.

D. Ukuwuhlonipha umsebenzi.

2.1.5 Wadlala kanjani uSenzo ngomsebenzi? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.1.6 Yini le abezoyixoxela uZenzile njengoba emvakashele? (2)

2.1.7 Wagcina ewutholile yini uVusi umsebenzi? Chaza ngamaphuzu AMANE (4)

2.1.8 Chaza lesi simo sokukhuluma:

a) Intokazi ebengihlekisana nayo

2.2.10 Tomula umusho ofakazela ukuthi uSiphamandla uyasebenza. (2)

2.2.11 Ngesikhathi beyofesa oVusi nalezi zinsizwa, bakhethwa kanjani ababezothola umsebenzi. Chaza ngamaphuzu amabili. (2)

**ISIQESHANA D**

(*Ntambama esibhedlela ewodini okulele kulo uZenzile noSebenzile, kukhona noFakazile beNomcebo bazobabona*.)

**Fakazile**: (*Ngomoya ophansi*) Sezinjani kodwa izinhlungu mantombazane?

**Zenzile**: (*Ekhulumela phansi*.) Akukho bungcono lapha kimi. Ngisazizwa izinhlungu. Ngilimale kakhulu lapha emgogodleni.

**Sebenzile**: (*Ngezwi eliphansi*.) Nami ngisazizwa izinhlungu ngoba sengathi kunethambo eliphukile lapha engalweni yami.

**Nomcebo**: Kwabuhlungu lokho. Pho udokotela uthini uma enihlola?

**Zenzile**: Kimi bathe ake kudambe izinhlungu. Bese beyabona-ke ukuthi ngiyahlinzwa noma cha.

**Fakazile**: Kuwe Sebenzile batheni?

**Sebenzile**: Bathe uma singalungi isandla sami sizonqunywa.

| | |
|---|---|
| **Nomcebo**: | Empeleni le ngozi yenzeke kanjani? |
| **Sebenzile**: | Mina ngeke ngikutshele lutho. Ngizwe sekuwubuhlaphahlapha. Angazi noma uZenzile ubonile yini ngoba ubehleli phambili. |

2.1.9 Obani ABABILI abavakashe esibhedlela lapha? (2)

2.1.10 Lesi sibhedlela sikuliphi idolobha? (1)

2.1.11 Yini le ebangele ukuthi oZenzile bagcine besesibhedlela? (2)

2.1.12 Le ngozi yenzeka kuliphi idolobha? (1)

2.1.13 Kwagcine kwenzekeni kuZenzile noSebenzile emva kokubona udokotela. Chaza ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.1.14 Yisiphi isifundo esisifunda kule ncwadi uma sibhekisa kuZenzile. Chaza ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.1.15 Babengobani amagama abesilisa ayesemotweni eyalimaza oSebenzile? (2)

2.1.16 Isihloko sale ndaba sihambisana kanjani nendaba uma ubheka uZenzile noVusi. (3)

2.1.17 Phendula le mibuzo ngokuqondanisa lokhu okusohleni A nokusohleni B. Bhala uphawu KUPHELA.

| **Uhlu A** | **Uhlu B** |
|---|---|
| 2.1.17.1 uNomcebo | a) induna yasegalaji. |
| 2.1.17.2 uSifiso | b) Umnikazi wepulazi |
| 2.1.17.3 uMthiyane | c) Insizwa eyayifesa noVusi. |
| 2.1.17.4 uShabalala | d) Wayofundela ubuhlengikazi. |

(4)

**ISAMBA SESIQEPHU B: 35**

**ISAMBA SESISONKE: 70**